

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WOKUXOXISANA NOMPHEPHA
EMANKWANYANENI MHLAKA 04 NOVEMBER 2012.**

Mphathi woHlelo;
Inkosi yesizwe Ndabezitha;
IziNduna zesizwe zonke;
UMeya waseMlalazi;
Amakhansela wonke akhona;
Abamele izinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
Abezokugcinwa komthetho;
Umphepha wonke;
Nginyanibingelela.

Mangithathe leli thuba nginamukele ngibonge kunina nonke enikwazile ukuba yingxenywe yalo mhlangotho wanamhlanje. Siyazi ukuthi kuningi osekwenziwe ukulungiselela lolu suku kusukela kwehla isigameko esasishiya sishaqekile sonke kulesi fundazwe ngo-August.

Yingakho sifisa ukuqala ngokubonga kubo bonke abebeyingxenywe yokuzibophezela ukuba sibuyisele le ndawo yaseMankanganeni esimweni esifanele, abantu beNkosi bathokozele impilo nokuhlala kulendawo njengezinye izizwe zamakhosi.

Kodwa ngaphambi kokuba ngande kakhulu ngifisa siwubonge futhi uHulumeni oholwa nguKhongolose kulesi fundazwe ngokuthuthi kusukela ngo-2004 wabona kungubuhlakani ukuba kuhlenganiswe ngaphansi kukaNgqongqoshe oyedwa imiNyango emibili, owezokuThutha nowezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

Le miNyango yomibili imayelana nokufa nokuphila kwabantu. Ibhekene ngqo nokuthi abantu baphephe ezingozini zasemgwaqeni kanye nasebugebengwini.

Abanye benu bayazi-ke ukuthi inyanga ka-October ibhekene nezokuthutha emgwaqeni. Uphelile-ke manje u-October kodwa izinselelo zokwakha ingqalasizinda yomgwaqo nokuphepha kwabantu abayisebenzisayo aziphelile.

Njengoba sesibheke emaholidini kaKhisimusi kubalulekile ukuthi abantu babambisane noHulumeni ngokuthi baziphathe ngendlela engeke ibabulale noma ibalimaze kabuhlungu ezingozini zomgwaqo.

Yingakho siyumNyango wezokuthutha sesivele sathi imikhankaso yokuqwashisa ngezokuphepha emgwaqeni ayiqale ngo-October ingabe isama kodwa iqhubeka njalo kuze kuyophela amaholide ka-Khisimusi okujabula nokungcebeleka.

Abantu bayathanda ukudla amanzi amponjwana – utshwala phela – uma bejabule. Asilwi-ke nokujabula kwabantu ngoba nathi siyizisebenzi zikaHulumeni singabantu, nathi siyajabula uma kujatshulwa. Kodwa asihambisani nabantu abathi uma sebephuzile bashayele izimoto zabo ngoba loko kudala izingozi.

Umuntu osephuzile akakwazi ukulawula imoto yakhe ngendlela afanelekile emgwaqeni, ikakhulukazi uma esesimweni esinzonzo, i-emergency situation. I-decision-making yakhe isuke isi-compromised, angakwazi ukulawula imoto ngendlela ephephile ngoba usebudlile.

Kanjalo nabahamba ngezinyawo, uthole sekuyizimoto ezivika umuntu ohamba emgwaqeni, kungaseyena obalekela izimoto ukuthi zingamshayisi ehlohlwa utshwala noma sekuvaleke amehlo. Abanye uma sebedakiwe bazibona sebebakhulu bacabange ukuthi bagqoke insimbi kanti imoto kuphela eyinsimbi, futhi iyabulala.

Sesingene eNyangeni ka November-ke manje. Yona ibhekelene nokuphepha komphakathi ebugebengwini. NgolwesiHlanu besethula ngokomthetho izinhlelo zenyanga yezokuphepha komphakathi. Lezinhlelo zizoqhubeka kuze kube uKhisimusi nangemuva kwawo. Siyazi ukuthi ubugebengu buyadlanga ngezikhathi zenjabulo ngoba abantu basuke benemali futhi bedla utshwala babe budedengu.

Nezigebengu ziyakwazi lokho – yingakho ubugebengu bubukhulu ngalesikhathi ngoba izigebengu ziyazi ukuthi abantu abanaki uma sebejabule, kuye kuthiwe ngolimi laselokishini basuke sebelahlile, okusho ukuthi utshwala bubenza babe budedengu bangazinaki bona kanye nempahla yabo.

Njengoba besiphumile ngenyanga yezokuthutha ka-October, besinemicimbi esabalele isifundazwe sonke sethula izinhlelo zengqalasizinda yomgwaqo bese sigxila kakhulu ekuqwashiseni abantu bakithi ngezokuphepha emgwaqeni ngoba phela siyazi ukuthi ukuhamba kwelunga lomndeni ngesihluku sengozi yomgwaqo noma ukubulawa izigelekeqe zimphuca imali yazo kubuhlungu ngendlela efanayo.

Njengoba sengishilo-ke nenyanga yezokuphepha komphakathi ebugebengwini ifika ngesikhathi esifanele njengoba sibheke esikhathini senjabulo kaKhisimusi. Isikhathi lapho abantu bakithi bezokuba nemali, abanye babe budedengu ekuyiphatheni besebeba ngukudla kwezigebengu. Lesi yisikhathi lapho imindeni ivakashelana khona, nabahlala kude ngenxa yokufunda nokusebenza basuke bebuyile.

Nobugebengu obubangwa ukusondelana ndawonye njengomndeni, phecelezi i-contact crime, nabo buye budlange ngalesikhathi. Uthole umalume noma umakhelwane noma ubaba esedlwengula intombazanyana ayizalayo noma yakwamakhelwane.

Yingakho-ke kuwumsebenzi ukuthi sihlanganyele nani sizothi: 'Phansi nokuhlukunyezwa kwezingane nezalukazi, phansi! Phansi nokuthenga izimpahla ezintshontshiwe emaseleni, phansi! Phansi nokuhlukumeza abazali bafunwe imali abangenayo, phansi!'

Intsha yazi ukuthi lesikhathi sisho ukuthi kumele bangene ophuzweni oludakayo nezidakamizwa noma ngabe bebengakwenzi loku phakathi nonyaka ngenxa yokududana nabangani. Kuyothi kuzwakala kube kuthiwa kukhona odlwenguliwe noma abagwazene, kanti indaba isotshwaleni noma izidakamizwa. 'Phansi ne-woonga, phansi!'

Kodwa futhi siyazi ukuthi izindawo ezinjengalapha eMankengani naseNgudwini yonke ziyadinga ukubhekwa ngalesi khathi ngenxa yomlando wezingxabano nezimpi ezivame ukuqubuka khona.

Kumele siqinisekise ukuthi siba nezinhlelo zokunqanda abantu ababuya emakhaya bese bevuselana amagqubu kugcine sekufa abantu abangenacala

Ukuza kwethu lapha kuyingxenye yohlelo esaluqala njengoHulumeni waKwaZulu-Natal lokuba singenelele ezindaweni ezibonakala zikhungethwe wudlame noma ukungazinzi kwesimo ngenxa yemibango okungaba ngeyepolitiki, eyemiphakathi noma izigodi ezingaphansi kwama Khosi kanye nobugebengu obehlukahlukene.

Ziningi-ke izindawo esesazihambela kusukela ngaphambi kokhetho loHulumeni baseKhaya ngoMay wonyaka odlule. Esikuqaphelayo kakhulu manje ngukuthi yize lo mkhankaso uqalwe nguHulumeni, kodwa imiphakathi sekuyiyona esiphumela obala isinxuse njengomNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ukuba sizozinisa ukusebenzisana nayo.

Esiyaye sikugcizelele kulo mkhankaso yilokhu kokuthi ukhiye wangempela ekuqinisekiseni ukuthula nokuphepha endaweni yizo izakhamuzi uqobo. Njengesizwe kumele siwuqede lo mkhuba wokuthi uma sinezinkinga sizixazulula ngodlame.

Lokhu sikusho ngoba emlandweni wesintu akuvamile ukuthi kube yimpi egcina iyisisombululo senkinga esuke yenza abantu balwe. Ekugcineni kumele bagcine bexoxile. Noma ukuxoxa kuvamise ukuthi kwenzekwe sekuliwe kwafa abantu, kwagcwala amathuna yonke indawo, kusale amagqubu nenzondo. Kodwa ekugcineni sigcina sibonakele isidingo sokuxoxisana.

Manje ingozi yokuqala ngempi ngukuthi igcina isikapakele ezizukulwaneni ezilandelayo. Uthole abantu bengasezwani kodwa bengaxabene bona ziqu zabo, kuphela nje kungukuthi omunye wazi ukuthi oyise babulawa oyise balona omunye.

Kuyimanje nje sibhekene nenkinga efanayo lapha KwaZulu-Natal kwezepolitiki. Kunabantu abangadela konke ngisho ukuthola izidingo zentuthuko uma nje lokho kuzohambisana neqembu lepolitiki elithile.

Uma uthi uyalandela ukuthi kwubangani nalelo qembu, uthole ukuthi inzondo nje kuphela. Bese uyabona-ke ukuthi siseyisizwe esigulayo uma kusenabantu abanjalo.

Namhlanje-ke usuku esithi siyajabula ngalo ukuthi sithole ithuba lokucobelelana ngemibono, sixoxe ukuze siqhamuke nezisombululo ezizosiza wonke umuntu walapha endaweni yaseMankwanyaneni nezinye izindawo ezakhelene nayo.

Siyazi ukuthi kusukela kwenzeka isigameko sango-August sokubulawa kwabantu abayisithupha emcimbini womemulo emzini waKwaKhuzwayo, njengoHulumeni besilokhu sihola izinhlelo zokuba kwenziwe uxolo kule ndawo.

INkosi uNdabezitha nje yiyona ekade yayigcizelela ukuthi njengoHulumeni kumele siphuthume ukwenza imbizo yomphakathi lapha ukuze sikhuthaze ukuthula. INkosi ikwenza lokhu nje isabela ukuthi kungaze kuphinde kwenzeke esinye isigameko esifanayo nalesi sasemzini waKwaKhuzwayo.

Kodwa-ke bekumele sihlele kahle izinto ngoba ngaleso sikhathi amalungu omphakathi ayemadolo nzima ukuphumela obala akhulume ngokungaba imbangela yesigameko sokubulawa kwabantu.

Sisekhona-ke isidingo sokuthi umphakathi ucaciselwe ukuthi phela ukuze kuqhubeke izinhlelo zokuletha ukuthula endaweni, kumele kube yibona abantu abakhulumayo futhi kubhekwe umsuka wengxabano ukuze kulungiswe isimo.

Siyazi ukuthi le ndawo ingenye yalezo ezisasilele emuva kakhulu ngengqalasizinda yentuthuko. Isisekelo sentuthuko-ke ngokuba indawo ibe nokuthula nentando yeningi. Ngale kwalokho iyohlale ihambela le kude intuthuko.

Yingakho-ke sithi namhlanje mphakathi siyaninxusa ukuba nisukume nithathe indawo yenu ekulweni nalesi hlava esihlasele lendawo. Masibambisane noHulumeni sibe yingxenye yokulekelela uMongameli wethu uMsholozzi othe ngesikhathi sokuphatha kwakhe kumele kuphuthunyiswe intuthuko ezindaweni zasemakhaya.

Noma uHulumeni kaMsholozzi ungafisa kanjani ukwenza izinto enawuqokela ukuba uzenze njengoba uzenza yonke indawo nje, angeke-ke kwenzeke loko kulendawo uma sihluleka ukuhlala phansi sibonisane, sidodisane, siqhamuke nekhambi lokuqeda izimo ezenza ukuba thina njengomphakathi singayi phambili, sime ndawonye, abanye bebe bezithola izidingo zemiphakathi yabo kwezinye izindawo.

Akungafiki isikhathi lapho zonihlulelwa khona yizingane zenu nesizukulwane esizayo. Azingathi izingane zenu nahluleka ngisho sekufike uHulumeni wesifundazwe nangakwazi ukusukuma nithathe indawo yenu niyibeke eqophelweni elifanelekile kwezokuphepha emphakathini.

Loko kuzokwenza nikwazi ukuthokozela inkululeko eyalwelwa kanzima, abanye abaze bayifela, abanye babhadla emajele ngenxa yayo.

Azoza kanjani amathuba emisebenzi ahambisana nokuthuthukiswa kwengqalazizinda uma nisabukana ngeziqo zamehlo?

Ziningi izindawo ezinomlando wezimpi zemibango kodwa iqiniso lithi akekho owayengaqeda ukulwa kuzona uma abantu bakhona uqobo babengafuni ukushintsha indlela ababuka ngayo izinto.

Namanje-ke inselelo ikunina ukuthi nenze umehluko endaweni yenu. Thina okwethu ngukuba sinilekelele, sinikhombise indlela.

Sekuyisikhathi sokuba sithi igazi lalabo asebadlula nempi sengathi lingachelela isihlahla senkululeko - abantu bakhululeke ezimpini nemibango engasisi phambili njengesizwe esimnyama, kuhlangele nobugebengu nezingozi zomgwaqo ezisakhela izintandane nabafelokazi abazithola sebondliwa uHulumeni kade singekho isidingo sokuthi uBaba wekhaya ahambe emhlabeni.

Sithi-ke sifuna isimo la izingane zizoqhubeka nesikole ukuze sakhe isizwe sakusasa esinempumelelo. Izinhlelo zentuthuko azilethe umsebenzi, zingamiswa ukusabela isimo esinzonzo sibe singekho isidingo sokuba kube njalo.

Masivumelane sonke ukuthi njengoba sesiqale lolu hlelo lokubuyisana namhlanje, siyazibophezela ekuvuseleleni kabusha nokubambisana kwethu okuzosithatha kusibeke esikhathini sikaKhisimusi nangemuva kwaso sisaphephile, sizwana futhi sihlalisene ngokuthula emphakathini wethu.

Ngiyabonga